

UKUHLANGANISA AMABHUKU (INHLOLOSIMOZIMALI)

Yini Entsha?

- 17 kuMandulo 2018 - Ukuthunyelwa kokuHlanganiswa kwamaBhuku (kweNhlolosimozimali) kwesiKhashana koMqashi**
 Isikhathi sokuthumela ukuHlanganiswa kwamaBhuku (iNhlolosimozimali) kwesiKhashana koMqashi sesivuliwe kusukela mhla ziyi-17 kuMandulo kuze kube mhla zingama-31 kuMfumfu 2018 . Ngesikhathi sokuthunyelwa (kweNhlolosimozimali) kokuHlanganiswa kwamaBhuku kwesiKhashana koMqashi, abaqashi kudingeka ukuba bathumele isiDaluli (seNhlolosimozimali) sokuHlanganiswa kwamabhuku koMqashi (EMP501) kanye nesiTifiketi seNtela yemali engenayo yoMqashwa [IRP5/IT3(a)] kwesikhathi sezinyanga eziyisithupha – umhla lu-1 kuNdasa kuya kumhla zingama-31 kuNcwaba 2018. Umqashwa kumelwe anikwe ama-IRP5/IT3 kwesikhashana, ngaphandle uma kuyisitifiketi sokugcina (lapho umqashwa eseshiyile emsebenzini ngaphansi komqashi lowo noma umqashi eyekile ukuba umqashi mhla noma ngaphambi komhla zingama-31 kuNcwaba 2018.) Qhubeka ufunde ngezinguquko.
- 10 kuNtulikazi 2018 - kwashicilelwa i-PAYE BRS (yeNhlolosimozimali) yokuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi (ekhishwe kuNcwaba 2018) iveshini 17.2.**
- 14 kuNhlanguvana 2018 - kwashicilelwa i-PAYE BRS (yeNhlolosimozimali) yokuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi (ekhishwe kuNcwaba 2018) iveshini 17.1.**
- 01 kuNhlanguvana 2018 - (iNhlolosimozimali) ukuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi koNyaka 2018 (1 kuNdasa 2017 – 28 kuNhlolanja 2018)**
 Uyaziswa ukuthi usuku olungumqamulajuqu wesikhathi samhla lu-1 kuNdasa 2017 - 28 kuNhlolanja 2018 sokuthumela i-Pay-As-You-Earn (PAYE) (iNhlolosimozimali) yokuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi koNyaka kwa-SARS, ukuqinisekisa noma ukulungisa amanani entela yabasebenzi olwamenezelwa ngokwesikhathi sentela ka-2017/2018 manje sesivaliwe njengoba kuwumhla zingama-31 kuNhlaba 2018. Sesidlulile isikhathi sokuthumela sekumele uthumele ngokushesha ngaphandle kokulibazisa ngoba ungase uthwale izindleko zenhlawulo.
- 01 kuMbaso 2018 - (iNhlolosimozimali) ukuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi koNyaka 2018 (1 kuNdasa 2017 – 28 kuNhlolanja 2018) - KUVALIWE**
 Abaqashi kumele bathumele i-Pay-As-You-Earn (PAYE) (iNhlolosimozimali) yokuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi koNyaka phakathi komhla lu-1 kuMbaso namhla zingama-31 kuNhlaba kwa-SARS, ukuqinisekisa noma ukulungisa amanani entela yabasebenzi olwamenezelwa ngokwesikhathi sentela ka 2017/2018.

Iminingwane Eyizidingo zeBhizinisi (BRS) kanye nezikhathi ezibekiwe

Iminingwane Eyizidingo zeBhizinisi	Unyaka Okusebenza ngawo	Izinsuku zokuthumela*
BRS-PAYE (yeNhlolosimozimali) yokuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi 2018 / 2019	(iNhlolosimozimali) UkuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi koNyaka 2019 (1 kuNdasa 2017 – 28 kuNhlolanja 2018)	Yesikhashana: 17 kuMandulo - 31 kuMfumfu 2018 Yonyaka: 1 kuMbaso - 31 kuNhlaba 2019
BRS - PAYE (yeNhlolosimozimali) yokuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi 2017 / 2018	(iNhlolosimozimali) UkuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi koNyaka 2018 (1 kuNdasa 2017 – 28 kuNhlolanja 2018)	Yesikhashana: 15 kuMandulo - 31 kuMfumfu 2017 Yonyaka: 1 kuMbaso - 31 kuNhlaba 2018
BRS - PAYE (yeNhlolosimozimali) yokuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi 2016 /2017	(iNhlolosimozimali) UkuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi koNyaka 2017 (1 kuNdasa 2016 – 28 kuNhlolanja 2017)	Yesikhashana: 12 kuMandulo - 31 kuMfumfu 2016 Yonyaka: 1 kuMbaso - 31 kuNhlaba 2017

** Izikhathi zokugcina zokuthumela zinciphe ezidingweni zebhizinisi / ekutheni likulungele yini kanye nasezinsukwini zekhalenda zokusebenza. Sizonithumelela isaziso sokugcina ngesikhathi sesikhathi esifanele sokuthumela.*

(INhlokosimozimali) UkuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi kuyini?

Lokhu kubandakanya ukuthi umqashi athumele lawa madokhumenti okuDalula (Inhlokosimozimali) UkuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi (EMP501), iziTifiketi zeNtela yoMqashwa okumele zikhishwe kanye nefomu lokuDalula ukuSusa isiTifiketi seNtela (EMP601), uma sikhona.

Izinto ezintathu okumele zihambisane ukuze ukuthumela kwakho kube yimpumelelo yilezi:

- Amafomu okuDalula kaMqashi anyanga zonke (EMP201s) athunyelwe [Pay-As-You-Earn (PAYE) kanye/noma neLevi yokuThuthukiswa kwamaKhono (SDL), isikhwama soMshwalense wokungaSebenzi (UIF) amanani okumele akhokhwe kanye [nemiHlomulo yeNtela yabaQashi \(ETI\)](#), uma ikhona]
- Izinkokhelo ezenziwe (ngaphandle kwezinhlawulo kanye nezinkokhelo zenzalo)
- IRP5/IT3(a) akhishiwe - namanani e-PAYE, SDL kanye ne-UIF.

Ingeyobani?

Abaqashi kumele bathumele (iNhlolozimozimali) ukuhlanganiswa kwamabhuku ngosuku olushicilelwe [kuGazethi kaHulumeni](#).

Kumele uthumele nini futhi kanjani?

Ukudalula ukuhlanganiswa kwamabhuku (inhlokosimozimali) kumele kuthunyelwe kabili ngonyaka wokuhlola, kulokhu:

- Okwesikhashana - okungokwezinyanga eziyisithupha kusukela mhla lu-1 kuNdasa kuya mhla zingama-31 kuncwaba
- Ngonyaka - okungokonyaka ogcwele kusukela mhla lu-1 kuNdasa kuya mhla zingama-28/29 kuNhlolanja.

Imininingwane Eyizidingo zeBhizinisi (BRS) zichaza okuyizidingo zokuthunyelwa kwemininingo yezitifiketi zentela zama-IRP5/IT3(a), kanye nokuhlanganiswa kwamabhuku (inhlokosimozimali) kwe-PAYE, SDL, UIF kanye/noma [i-ETI](#), uma kukhona.

Imininingwane Eyizidingo zeBhizinisi	Unyaka Okusebenza ngawo	Izinsuku zokuthumela*
BRS - PAYE (yeNhlolozimozimali) yokuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi 2017 / 2018	(INhlokosimozimali) UkuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi koNyaka 2018 (1 kuNdasa 2017 – 28 kuNhlolanja 2018)	Yesikhashana: 15 kuMandulo - 31 kuMfumfu 2017 Yonyaka: 1 kuMbaso - 31 kuNhlaba 2018
BRS - PAYE (yeNhlolozimozimali) yokuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi 2016 / 2017	(INhlokosimozimali) UkuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi koNyaka 2017 (1 kuNdasa 2016 – 28 kuNhlolanja 2017)	Yesikhashana: 12 kuMandulo - 31 kuMfumfu 2016 Yonyaka: 1 kuMbaso - 31 kuNhlaba 2017

** Izikhathi zokugcina zokuthumela zinciphe ezidingweni zebhizinisi / ekutheni likulungele yini kanye nasezinsukwini zekhalenda zokusebenza. Sizonithumelela isaziso sokugcina ngesikhathi sesikhathi esifanele sokuthumela.*

Ukugcwalisa (iNhlolozimozimali) ukuhlanganiswa kwamaBhuku ku-inthanethi iyona ndlela esheshayo, elula futhi ewusizo. Ungasebenzisa phakathi kwalokhu:

- [e@syFile™ Umqashi](#) noma
- Uma unama-IRP5/IT3(a) angama-50 noma ngaphansi, sebenzisa [eFiling](#).

Amakhophi akho konke ukudalula okuthunyelwe kanye namadokhumenti ahambisana nakho (amaphepha afanele) kume Kumelelelele kugcinwe iminyaka emihlanu.

Isu elihamba phambili: Uma kwenzeka amadokhumenti owathumelile engahlangani kuzo zontathu izinhlaka [EMP201, izinkokhelo ezithunyelwe kanye nama-IRP5/IT3(a)], sizokwazisa ngokukuthumelela incwadi.

Ungayilibali le mininingwane ebalulekile elandelayo:

1. Qinisekisa ukuthi uneveshini yakamuva ye-e@syFile™ yoMqashi. Ukuze udawunilode iveshini yakamuva, [cofa lapha](#).
2. Thatha amafayela akukhompuyutha CSV eziTifiketi zeNtela yoMqashwa [IRP5/IT3(a)] ohlelweni lakho olukhona lwabasebenzi bakho.
3. Hlanganisa i-EMP501 –
 - Faka amanye ama-IRP5/IT3(a) ngesandla, i- e@syFile™ yoMqashi izosebenzisa ulwazi, olukuzo zonke izitifiketi zentela, ukuzibalela ngokwayo inani lezitifiketi ze-EMP501 yakho.
 - Faka imininingwane yezikweletuzibopho, yezinkokhelo kanye [neyeMihlomulo yeNtela yabaQashi \(ETI\)](#), uma kukhona, i-e@syFile™ yoMqashi izozibalela lokhu okunye!
4. INTela yabasebenzi egcwaliswe ngesandla yaposwa ayisemukelwa. Lawa mafomu abandakanya:
 - [UkuDalula kukaMqashi kwaNyanga zonke \(EMP201\)](#)
 - UkuDalula (iNhlokosimozimali) ukuHlanganiswa kwamaBhuku koMqashi (EMP501)
 - Ama-IRP5/IT3(a)
 - UkuDalula ukuSusa isiTifiketi seNtela (EMP601)
 - UkuLungiswa kokuDalulwa kokuHlanganiswa kwamaBhuku (EMP701).

Isu eliphambili: Abaqashi abanama-IRP5/IT3(a) amahlanu bona abafakwa. Umqashi usengaya [egatsheni lakwa-SARS](#) lapho i-ejenti izomsiza khona ukufaka lawa ma-IRP5/IT3(a) kanye nama-EMP501.

Imigudu ye-inthanethi imahhala, iwusizo futhi iyatholakala 24/7.

5. Qinisekisa ukuthi ukuhlanganiswa kwamabhuku (inhlokosimozimali) okuthumelile kuyaqondana.
 - I-EMP501 kumele ihambisane nama-EMP201, okumele ukuba ngabe yathunyelwa ngesikhathi sakhona (okukunika ithuba lokulungisa lokhu, uma kunesidingo).
 - Ama-EMP201 kumele ahambisane nezinkokhelo ezenziwe ngaleso sikhathi.
 - Izinkokhelo zama-EMP201 kumele zihambisane nama-IRP5/IT3(a) enziwe.

Isu eliphezulu: Ngabe unezinkinga ngenxa yokuthi uthumele waphindelela noma ama-EMP501 owathumele nge e@syFile™ yoMqashi awaphelele , [funda kabanzi lapha](#).

6. Thumela (inhlokosimozimali) ukuhlanganiswa kwamabhuku ngaphambi kosuku lomnqamulajuqu ukuze ugweme ukuhlawuliswa nokuthi uhlawuliswe inzalo.

Sicela uqaphele: Okuthunyelwe nge-disc egatsheni lakwa-SARS akusatholakali.